*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Isigodlo Esifanelekile SikaNkk Phengwini*
*(Mrs Penguin's Perfect Palace)*
Illustrated by Celeste Beckerling
Written by Helen Brain
Designed by Arthur Attwell
Translated by Nal'ibali
with Vian Oelofsen and Jennifer Jacobs, and the help of Book Dash participants in Cape Town on 10 May 2014.

ISBN: 978-1-928442-56-1

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

“Ngifisa sengathi ngabe NGINENDLU!” kusho uNkk Phengwini. “Angikuthandi ukuhlala emfucuzeni.”



mrs-penguins-perfect-palace_interior.indd 6 2020/04/28 08:44

“Nkk Phengwini othandekayo,” kusho uMnu Phengwini. “Sizokwakhela isigodlo.”



mrs-penguins-perfect-palace_interior.indd 7 2020/04/28 08:44

Ngakho umndeni wakwaPhengwini waqala ukusebenza.



"Isihlabathi singenza ngilunywe," kukhononda uSisi.



"Ukukala kwakhona kunephutha," kusho uBhuti.

“Ngilambile,” kwasho uMagwinya.





UNkk Phengwini waphefumulela phezulu. Wayenza wonke umsebenzi.

mrs-penguins-perfect-palace_interior.indd 9 2020/04/28 08:44

Ekugcineni isigodlo saqedwa.



Kodwa igagasi lamanzi lafika lasikhukhula.

“Sizozama futhi,” kusho uMnu Phengwini.



mrs-penguins-perfect-palace_interior.indd 11 2020/04/28 08:44

“Wozani zingane, sizokwakhela uMama isithabathaba ngamatshe.”



Ngakho umndeni wakwaPhengwini waqala ukusebenza.



“Amatshe ayasinda,”
kukhononda uSisi.





“Ukukala kwakhona
kunephutha,”
kusho uBhuti.

"Mina ngisalambile," kwasho uMagwinya.



Ekugcineni isithabathaba saphela ... kodwa kwafika umoya wasiphephula.



mrs-penguins-perfect-palace_interior.indd 16 2020/04/28 08:44

UNkk Phengwini wacasuka.
“Angisezukuwenza omunye umsebenzi,” kusho yena.



mrs-penguins-perfect-palace_interior.indd 17 2020/04/28 08:44

“Sizozama futhi,” kusho uMnu Phengwini.

“Angicabangi lutho olunye,” kusho uSisi.

“Kulukhuni kakhulu.”

“Asinawo ngisho usimende,” kusho uBhuti.

“Ngeke ukwazi ukwakha indlu eqinile ngaphandle kukasimende.”



mrs-penguins-perfect-palace_interior.indd 18 2020/04/28 08:44

“Mina ngilambile,” kusho uMagwinya.

UNkk Phengwini waphefumulela phezulu.

Wayengeke alithole ikhaya lakhe.



mrs-penguins-perfect-palace_interior.indd 19 2020/04/28 08:44

“Awubheke nje wonke lo doti,” kusho yena.



Khona manjalo uNkk Phengwini wafikelwa wumbono.



mrs-penguins-perfect-palace_interior.indd 21 2020/04/28 08:44

“Bhuti, landa izigxobo,” kusasho yena.



“Sisi, thola amanetha.”

mrs-penguins-perfect-palace_interior.indd 22 2020/04/28 08:44

“Magwinya, landa ipulastiki. Mnu Phengwini letha isando.”



Basebenza usuku lonke.



“Ngikhathele,” kwasho uSisi.

“Qhubeka usebenze,” kwasho uNkk Phengwini.

“Ukukala kwakhona kunephutha,” kwasho uBhuti.

“Qhubeka usebenze,” kwasho uNkk Phengwini.



mrs-penguins-perfect-palace_interior.indd 24 2020/04/28 08:44

“Mina ngisalambile,” kwasho uMagwinya.

“Qhubeka usebenze,” kwasho uNkk Phengwini.



“Kuzoba kuhle ngokumangalisayo,” kwasho uMnu Phengwini.

“Wenza umsebenzi oncomekayo,” kwasho uNkk Phengwini.



mrs-penguins-perfect-palace_interior.indd 26 2020/04/28 08:44



Ngakho basebenza,
basebenza,
basebenza ...



... kwathi
ekugcineni
ikhaya laqedwa
ukwakhiwa.

“Siyakwamukela esigodlweni sakho,” kwasho uMnu Phengwini. “Ngiyabonga,” kwasho yena. “Yisigodlo Esifanelekile sikaNkk Phengwini.”



mrs-penguins-perfect-palace_interior.indd 29 2020/04/28 08:44

